# *Kwakungenjalo Kusukela Ekuqaleni*

Ngiyabonga, Mfowethu Moore.

2 Sanibona ekuseni, bantu. Ngijabule ngempela ukuba lapha kulokhu ukusa futhi, futhi bengingeke ngiphuthelwe yilokhu nganoma yini, ngizwa isiprofetho sikadadewethu, nginenhlanhla yokuhlangana noMfowethu Kidson izolo ebusuku futhi, umngane omdala, omunye wabangane bami bokuqala emazingeni amaPentecostal. Nguye owangiletha lapha eShreveport okokuqala, ngikholwa ukuthi kwakunguye, uMfowethu Kidson, eminyakeni edlule ngenkathi nganginezinkonzo e—etabernakele elidala. Ngikholwa ukuthi kungenkathi umama kaMfowethu Moore ephulukiswa ngalesosikhathi, futhi, ngenkathazo yesisu, nezinto eziningi iNkosi eyazenza.

3 Niyabo, uMlayezo ofanayo usaqhubeka. Asisikhathazi lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, sivele sisishiye nje ngendlela esingayo, futhi sisithathe ngendlela esilinganiswe ngayo kithi.

4 Ngiyamthokozela lomfowethu ongumIrishi, impela, sinomIrishi omuhle, ocule elithi *Kukhona IBhalisamu KwaGileyadi*, elihlanganiswe ngokuphelele nje nakho ebusuku. Lena ekahle, ikhwaya encane, uDavid, noMfowethu noDadewethu Moore, u-Anna Jeanne, nabo bonke, o, he, kuyinto enhle kakhulu ukuba lapha enhlanganyelweni nani bantu futhi.

5 Ngimi egumbini emizuzwaneni embalwa edlule, ibanga elide kungene kuvela endodeni ebingumfundisi ndawondawo, ukuthi odokotela babeyidelile futhi babengazi ukuthi kwakuyini indaba ngayo. Yafika ocingweni yabe isishaya ucingo, futhi *ngandlela thize enye*, ngehhovisi ekhaya, bayithola, kwaziwa ukuthi siyoba setabernakele ngalesisikhathi, futhi khona impela ngenkathi sisephakathi lapho, uMfowethu Kidson, mina, noMfowethu Moore, nabanye abazalwane, angazanga ukuthi bekungubani obemi lapho, kodwa yayifuna ukwazi ukuthi wawuyini umphumela wayo, phambi kweNkosi, yayizofa.

6 NoMoya oNgcwele esakhiweni lapho, e-ofisi nje emizuzwaneni embalwa edlule kwembulwa emuva endodeni ngayo, nakho konke ngayo, nokuthi yayiyini, ukuthi yayigqoke kanjani imi lapho, nokuthi kwakuyini indaba ngayo, futhi kwamemezelwa ukuthi iphulukisiwe. Yacishe yahlosula ifoni ehhukwini, ukuthi iNkosi yayiphulukisa kanjani.

7 O, asijabule yini ukuthi sisenayo iNkosi uNkulunkulu, Esasazi isiphetho kusukela ekuqaleni na? Futhi kuhle ukuthi kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, futhi kunenqwaba yalo, kukhona odokotela lapho, nokunye iNkosi esihlinzekele khona. Ngakho kungani sifanele siye kunoma yini enye, lapho uNkulunkulu ehlinzeke ngokucebile kakhulu yonke intokozo esiyidingayo na? Futhi sonke isibusiso esisidingayo sisendlini yokukholwa kanye nabantwana bakaNkulunkulu.

8 Kungani sifanele sibhekisele, noma, sikugweme lokhu, futhi siye ekubhemeni senzele injabulo, ekuphuzeni senzele injabulo, lezozinto kuphela ziletha ukufa. Ukuthi . . . Ukuthokoza kwethu yiNkosi. Ngakho ngijabula kakhulu ukujabulela lokho.

9 Manje, uyikhipha ngasikhathi sini izinkonzo zakho na? Ligamenxe eleshumi nanye? [UMfowethu Moore uyaphendula, "Ligamenxe elokuqala."—Umhl.] O, lokho . . . Ngi . . . Ubungeke ungibekezelele isikhathi eside kangako. Ngakho ngizo—ngizo . . . Ngijabula kakhulu ukubona leliqembu phandle lapha. Futhi ngeke ngibe mude.

10 Manje, kulobubusuku ngelesithupha nqo abafana bazobe benikeza amakhadi omkhuleko, futhi sizoba nomugqa womkhuleko ojwayelekile. Ngizobe ngikhuluma kulobubusuku, iNkosi ithanda, ngento ethize ehambisana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, noma into ethize efana naleyo, ngoba sizonikela lenkonzo kulobubusuku ngokokuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

11 UBilly nami besihlezi esitolo othenga udlele kuso kulokhu ukusa, sidla, futhi besiqaphela, futhi uthe, "Babayi, ungawasho amaKristu lapho nje uhlangana nawo, noma kuphi na?"

Ngathi, "Impela."

Wathi, "Uyayibona leyondoda nomkayo bengena lapho na?" Wathi, "BangamaKristu."

Ngathi, "Ya."

Futhi emizuzwini embalwa nje omunye wayengenile, wathi, "E-e."

Ngathi, "Kunjalo." Ngakho, emizuzwini embalwa omunye umuntu uyangena, ngathi, "Kuthiwani ngalowo na?"

Futhi wathi, "Lowo ulungile."

12 Ungahlala njalo umusho umKristu, abaningi kusobala bangabesifazane abangenabo ubuqhathanzipho, kumbe noma ngabe yini leyonto abayigqokayo, bengagqoki lokho, kodwa ngiqonde ukukusho ngenye indlela, niyabo, ba—baphawuliwe nje. Futhi umKristu unesimo sendawo, ngoba nakuba, yena uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu, ungumdali.

13 Noma ngabe ubani lowomfo omncane obefundisa uSonto sikole lapha kulokhu ukusa, impela ngiyawuthokozela

lowomlayezo. Ubekahle, ngokuthandile. Uwena umfowethu na? Khona *lapha*. Awu, lokho kuhle. Ubu, ekuqaleni, ufanele ukuthi wawuyiBaptisti ngoba bengingasho indlela obukhuluma ngayo, ukuthi wena u. . . Si. . . Kuthi ukubeka umaka omncane emuva lapho, kodwa sizophila sikwedlule, niyabo. Ngakho. . . Abazalwane bakithi beBaptisti sithi nje uku. . . omunye nomunye, kodwa benginga. . .

14 Ngenkathi esho, isisho asenzile, ngikubhalabhale phansi esiqeshini sephepha, ngizokucosha phandle e-ofisi lapho, "Abanamandla onke ababili bahlangana." Lelo yiqiniso. Nxa uNkulunkulu nekholwa behlangana, kukhona ababili abanamandla onke, ngoba umuntu uyingxenye kaNkulunkulu, uyindodana kaNkulunkulu, niyabo, nalokho okuncane ayikho kuhlangana nawo wonke uMzimba. Futhi uJesu washo ngale kuMarku 11:22, "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe okushilo, ungakwenza. . . kuzofezeka." Niyabo? "Kholwa yilokho okushilo." Futhi umKristu umakwe *kakhulu* ukuthi ngakuye kukhona isimo sendawo.

15 Sewake wahlangana nabantu owawuthanda nje ukuba nabo na? Ube nakho lokho, futhi ngani, badala lesosimo sendawo ngokuphila kwabo—kwabo, indlela abaphila ngayo, nezinto abacabanga ngazo, nothando abanalo ngawe.

16 Niwuzwile umlayezo wami nge—nge opozamu, niyazi, nasezinyosini zizama ukungitinyela, inkunzi izama ukungibulala, izilwane, niyabo. Ku—kuyokwenza. . . Udala isimo sendawo, futhi leso yisimo sendawo ofanele ube kuso ukukhulekela abagulayo, niyabo, kuyinto efanayo. Wuthando olukhipha imimoya emibi.

17 Ngeke ngilibize igama, oyedwa nje wabaphendukile eNkosini engamholayo, kwakungumphikinkolo, futhi wayehla ngomgwaqo omkhulu u-Alcan ngolayini wamaloli, futhi—futhi ulibonile igama lami phezulu lapho, futhi wathi, "Lobo ngubuhlanya." Ngakho, wavele wama nje; futhi kwakusenhla eCanada, phezulu le eduze kwaseDawson Creek. Ngalobo busuku, kwakubanda kakhulu nina bantu baseLouisiana ngabe nafela phezulu lapho, ngoba ngase ngizobulawa amakhaza, futhi ngifake zonke izishayisamoya ndawo zonke manje, ngizama ukugcina—ukugcina kupholile, lesisimo sezulu esishisayo lapha. Futhi. . . Mnumzane? [Umfowethu usho into ethize kuMfowethu Branham—Umhl.] Uyakuthanda, kulungile.

18 Ngakho-ke sangena. . . wangena lapho, futhi ngalobobusuku, amaNdiya, nakho konke, ngakho wabona ukwehlukanisa kweNkosi, engawazi umBhalo ubuyela emuva aphume bese ethola iNdiya elidala phezulu e. . . umcuphi omdala, wamngenisa. Futhi asikwazanga ukunikeza amakhadi omkhuleko, ngakho wayefanele nje amfuqele emsamo njengoba

wayengenza, futhi ekugcineni wathola leliNdiya elidala enhla lapho. Futhi wayezo. . .Wayelazi leliNdiya elidala, wathi, "Leyondoda inabantu abayilandelayo," i—ikhuluma kuzwakale kanjalo.

19 Ngakho, wabeka leliNdiya elidala emsamo. Ngokushesha nje lapho ekhuphukela lapho, uMoya oNgcwele wamtshela ukuthi wayengubani, wathi, "Futhi uhlala endaweni ethize, futhi ungumcuphi. Unabantwana abahlanu, abathathu babo abafana namantombazane amabili." Wathi, "Omunye wabo ehlezi emuva lapho, efundela ukuba ngumfundisi." Wathi, "Uphethwe yiTB."

"Kunjalo."

20 Futhi wathi, "Indoda ekulethile yilomfo omncane ohlezi lapha ogama lingu *S'bani-bani*." Wathi, "Uyasola." Lokho kukwenzile, waba yinceku yeNkosi.

21 Esikhathini esingeside esedlule sasihamba ndawonye sinqamula izwe, futhi wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, uyazi umkami akakholelwa kulokhu," wayesethi, "njalo ebusuku lapho ngiya esontweni, futhi ngifika ekhaya," wathi, "o, uqala nje ukungiklabalasela ngenkathi ngishaya umnyango," futhi wathi, "Ngimbamba ngesandla, mncane, futhi ngimbambe, futhi ngizama ukukhipha lowodeveli ngamandla ami onke." Wathi. . .Kungikhumbuze ngomlayezo wakho kulokhu ukusa, mnumzane. Wathi, "Ngizama ukukhipha lowodeveli, ngase ngithi, 'Develi, phuma kumkami! Develi, phuma kumkami! S'thandwa, ukhwelwe ngudeveli. Phuma lapho, develi!'"

"O," ngathi, "lokho kulungile, Mfowethu Fandler, kodwa u—uhamba kukho ngendlela engesiyo."

Futhi wathi, "Awu, ukwenza kanjani na?"

22 Ngathi, "Lapho ufika ekhaya, mthengele ibhokisi likaswidi, umnike lapho ungena emnyango, umgaxe ngezingalo zakho." Ngathi, "Yileyondlela okhipha ngayo udeveli."

23 Uthando luxosha ukwesaba, alukwenzi na? Uthando, bangane, umhlaba wonke ufela uthando. Leyo ngenye yezinto ezinkulu esiyishiya ngaphandle esibusisweni sethu sePentecostal, okuningi kakhulu kwakho, wuthando olukuxuba ndawonye, udaka olwenza iziphiwo nazo zonke izinto zikaNkulunkulu zisebenza ngokuphelele ngukuthi, "Thandanani, lokhu bonke abantu bazokwazi ukuthi ningabafundi baMi."

Makuthi thina, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe manje, sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

24 Nkulunkulu uSomandla nonaMandla onke, siyaKubonga kulokhu ukusa ngaphezu kwakho konke ngoJesu, iNdodana yaKho, nangenxa yothando lwaKhe kithi, ukuthi ngenkathi siseyizoni Wafa esikhundleni sethu, esibuyisa sibuyele enhlanganyelweni, sibuyele ebudodaneni ngeGazi laKhe.

25 Futhi siyakhuleka kulokhu ukusa, ukuthi ukuphuma kweZwi kuzobamba yonke inhliziyo, inhliziyo yami, futhi, Nkosi. Silungiselele ukufika kweNkosi njengoba lelinenekazi elincane lisanda kuprofetha ukuthi Isisishiyile isiHlalo saYo sobukhosi, endleleni yaYo. Siyayikholwa ngempela leyoNkosi.

26 URebeka ephuzisa ikameli elalizomthatha ukuba ahlangane nesithandwa sakhe, nokho wayengakaze ambone, kodwa kwakuwuthando ekubonaneni kokuqala. SiyaKubonga, Nkosi. Siyakholwa ukuthi thina, lapho siMbona, kuyoba wuthando, lapho sazi ukuthi WayenguYe Owafa futhi wasihlenga.

27 Khona-ke kuleyonsimu enkulu ndawondawo phakathi kwalapha neNkazimulo lapho siMthwesa umqhele iNkosi yenkosi noMbusi wababusi, neziNgelosi zimi namakhanda ekhotheme zingazi ukuthi senzani, azizange zilahleke njengoba sasinjalo, futhi lapho sicula amaculo ukuthi Wasihlenga, kuyoba yisikhathi esihle kakhulu kangakanani leso! Sibheke ngabomvu kulesosikhathi, kwangathi izinhliziyo zethu zingalungiselelwa.

28 Ngcwelisa iZwi elizofundwa, futhi kwangathi Lingaba nguMoya nokuPhila kithi, ukuze siqondise izimpilo zethu, futhi siphilele Yena Owasifela. Lokhu siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

29 Phenyani kanye nami imizuzwana embalwa nje. Ngifuna ukufunda umBhalo omncane lapha ukubona ukuthi ngingadonsa kuWo ingqikithi ethize yemizuzu elandelayo eyishumi nanhlanu kuya kwengamashumi amabili. Futhi, awu, asiphenye kuMathewu isahluko 19, njengoba sifunda:

> *Kwathi, uJesu eseqedile lawamazwi, wamuka eGalile, weza emikhawulweni yaseJudiya phesheya kweJordani;*
>
> *Izixuku eziningi zamlandela; waziphulukisa lapho.*
>
> Futhi *kusondela kuye abaFarisi, bemlinga, bathi kuye, Kuvunyelwe yini ukuba indoda ilahle umkayo noma ngaliphi icala na?*
>
> *Futhi wa. . .wathi kubo, Anifundanga yini, ukuthi owadala ekuqaleni wabenza owesilisa nowesifazane,*
>
> *Wathi, Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe: labo ababili bayakubanyamanye na?*
>
> *Ngalokho abase—abasebabili, kodwa bamunye. . . Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu, umuntu makangakuhlukanisi.*
>
> *Bathi kuye, Pho uMose wayalelani ukuthi makanikwe incwadi yesahlukaniso, alahlwe na?*
>
> *Wathi kubo, Ngenxa yobulukhuni bezinhliziyo zenu uMose wanivumela ukwehlukana nabo omkenu: kepha kusukela kwasekuqaleni kwakungenjalo.*

30 Manje, ngifuna ukuthatha indaba encane kulokhu ukusa, noma—noma, indikimba, uma besingakubiza kanjalo, indikimba: *Kwakungenjalo Kusukela Ekuqaleni.*

31 Manje, uJesu, ngenkathi Efika emhlabeni lapha ukwenza ukuvakasha kwaKhe kwasemhlabeni ngenhloso yokuhlenga lokho uNkulunkulu ayekumisele ngaphambili, Wafumana othisha ngalezozinsuku befundisa izinto okwakungesilo iqiniso.

32 Angazi noma Ubengeke yini athole ezinye zezinto ezifanayo ziqhubeka namhlanje uma Efika, izinto ezazingesilo iqiniso. Futhi Wabatshela . . . Futhi isizathu sokuba ngikhethe lendikimba ethize, *Kwakungenjalo Kusukela Ekuqaleni*, ngoba sizodingeka sibuyele emuva ekuqaleni ukuthola ukuthi liyini iqiniso langempela lakho. Konke esinakho emhlabeni namhlanje, akukho okusha, kwaqala kuGenesisi. UGenesisi yisahluko sembewu.

33 Ngakho-ke lapho uNkulunkulu eke wenza noma yini noma enza isinqumo, njengoba bengivame ukucaphuna, ukuthi Ufanele njalo ahlale nesinqumo saKhe. Ukuthi lokho bekufanele kanjani kukhanyise ukukholwa kwethu! Niyabo? Lapho uNkulunkulu esho okuthize, onke amaZulu nomhlaba kuyodlula, kodwa lokho ngeke kwedlula. Ngakho-ke kufanele kusinike isimilo, kufanele kusinike ukukholwa ukuthatha leloZwi Alishilo, futhi ngakho konke ukuphila kwethu kubambelele kuLo, ngoba Angeke aLiguqule, Liyi*qiniso*.

34 Manje, uNkulunkulu ekuqaleni Wenza zonke izinto, Wakwenza ngesimo sembewu kuqala, kwakuyimbewu. Futhi Wathi kuGenesisi 1, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo." Futhi nje ngiyamangala, njengoba abantu njalo ezama ukuphendukezela lokho uNkulunkulu akwenzile, ngoba umuntu, esimweni sakhe sokuwa, ucabanga ukuthi angenza into ethize engcono kunoma uMdali wakhe ayenza ekuqaleni, uhlala njalo ezama ukuguqula into uNkulunkulu ayenza futhi ayenze into ethize engesiyo.

35 Bengikhuluma ngalokho maduze nje entshumayelweni ye*Nkolo Ebhasteliwe*. Futhi isayense, ekusebenzeni ensimini yesayense, labo abasho ukuthi inguqunguquko yempilo ithathe ukusola okungokwabo kwesayense, futhi, noma, fakazise futhi uphikise umqondo wabo uqobo wenguqunguquko yempilo, ngoba noma yini ebhasteliwe ingeke ibuye izizale futhi. Ngakho-ke uma Enza imbewu ethize izofanele ihlale iyilokho, uma uyixubanisa nenye into ethize, ngeke ibuye izikhiqize, lokho kuyayiqeda ngokushesha nje lapho u—lapho uyizalanisa.

36 Umnyuzi, umnyuzi awusoze wazala omunye umnyuzi. Akungabikho-muntu oke akubeke kuNkulunkulu ukwenza umnyuzi, Akazange akwenze, yilokho umuntu akwenzile. Kuyi—kuyi . . . Kungikhumbuza, uhlakaniphe impela namhlanje, ngemvelo, lapho ubhastela noma yini, wonakalisa imvelo yayo.

37 Lapho uthatha ihhashi elihle, ihhashi lohlobo, lelohhashi linesimilo ngakho, limnene, lizophakamisa ikhanda lalo, futhi ungalibiza, liyobeka ikhanda lalo phezu kwehlombe lakho futhi liyiyize, futhi—futhi ungalenza, ulifake embukisweni, futhi lizokwenza, cishe impela njengomuntu. Linga . . . Linezimilo eziphakeme, nento ethize ngalo engeyangempela. Awukaze uwubone umnyuzi wenza lokho, nje uyi—nje uyisilwane somsebenzi. U—uyikho konke emisebenzini futhi akukhomusa.

38 Kungikhumbuza ngenqwaba yabantu namhlanje. Wena . . . Bonke benza imisebenzi, futhi lokho kumayelana nakho. Njengoba uMfowethu Jack ubesho kulokhu ukusa mayelana namabandla, ukuthi linesakhiwo kodwa hhayi i . . . Kufana ne, unenjini enhle kodwa akukho-mfutho kuyo, unesiphehli-gesi, kodwa asisebenzi, into esemqoka umfutho enjinini. Yilokho ibandla elikudingayo, linesakhiwo.

39 Thatha umnyuzi, u—u—uyinto eyisimungulu kunayo yonke ezweni, ngoba uyibhastela. Futhi ungabiza umnyuzi, futhi uyovele nje ume lapho bese uphonsa lawomadlebe amakhulu futhi ukubuke.

40 Niyazi, ngi—ngithemba ukuthi lokhu akuzwakali kungokuthuka okungcwele, kodwa kungikhumbuza ngabantu abaningi kakhulu namhlanje abanenkolo yeminyuzi, inkolo ebhasteliwe. “Ibandla lethu, sazi konke ngakho.” Futhi ungabatshela ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi ubanike izindlela zikaNkulunkulu, futhi bavele bame bevule izindlebe zabo, abalokothi benze umnyakazo. Ibhastela elihle liveza . . . Ku . . .

41 “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi,” ziyazi ukuthi yini eyiqiniso ngoba zithanda uKudla kwezimvu.

42 Imbewu ebhasteliwe njengommbila, niyabo, ibukeka iyinhle, ngoba ibhasteliwe. Ngibone esayinini ngolunye usuku, “Ummbila obhasteliwe.” Awu, awulungile. Niyazi ukuthi kwenzani na? Izinkomo ezibhasteliwe zenza inkomazi engcono. Izinkukhu ezibhasteliwe, banezinkukhu ezibhastelwe kakhulu manje, inkukhu ize ingabi namilenze noma amaphiko, konke yisifuba, kodwa into empofu bandla ingaphila kuphela unyaka futhi ife, ifile ngempela lapho izalwa.

43 Ngakho, abantu uzofanele akudle lokho, futhi manje kulawomangqamuzana ngokubhasteliwe, isayense, i*Reader’s Digest* yabhala indatshana ngakho, maduze nje, ukuthi eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje uma lokho kuqhubeka, isintu siyophela. Abesifazane nabesilisa bayaphendukezelwa. Abesifazane baya ngokuba banzi amahlombe nezinqulu ezinciphile, amadoda athola amahlombe amancane nezinqulu ezibanzi, owesifazane angeke akwazi ukuba nomntwana wakhe, edla ingqamuzana eliphendukezelwe.

44 Izinkukhu, nalezizinkukhu ozidlayo zi—ziyisijingi kakhulu futhi zithambile, izicubu kuzo, abantu baze bangabe besazifuna. Ngani, u, bazibulala bona uqobo ngemibono yabo uqobo, bezama ukuphendukezela. Sadalelwa ukuba sidle lamangqamuzana e—ezinto ngendlela nje uNkulunkulu azibeke ngayo.

45 Futhi kukhona futhi ibandla elibhasteliwe, lihle ngokwedlulele namhlanje kunoma lalinjalo, linamalunga angcono, ibandla lePentecostal, banezakhiwo zikanokusho, izihlalo zikanokusho, abashumayeli abayizifundiswa ezingcono, kanjalonjalo, kodwa bakubhastelile.

46 Asibuyele kokwangempela, ukuKhanya kokuqala, isibusiso esidala sePhentekoste, namandla kaMoya oNgcwele emuva ebandleni. Bakubeka konke kumshumayeli namhlanje. Akusuye umshumayeli, uMoya oNgcwele unjalo nje kubantu abangafundele lutho njengoba unjalo kumshumayeli. Akanayo yonke inkolo, banayo phandle *lapho*. Futhi ngi—nginguye namhlanje okholwa ukuthi besifanele sithole uMoya kaNkulunkulu ubuyele ebandleni, lapho esingaba khona neziphiwo zikaMoya zisebenza ngokugcotshwa namandla.

47 Kodwa namhlanje sithola amadoda lapho, ekuqaleni (Emi*Nyakeni yeBandla* engifundisa ngayo ngeviki elizayo etabernakele lami ekhaya, ukubhala ukuhlaziya okuncane njengokuphawula kwami uqobo kukho.), niyaqaphela, kwaqala imisebenzi yamaNikolawu, emva kwesikhashana iba yimfundiso. Awu, okuyikho, basuse wonke uMoya ebandleni, benza ababhishobhi, ababonisi, ophapha, bakufaka konke epulpiti, nepulpiti laba nobuhlakani, nakho unebandla elibhasteliwe futhi, niyabo, ngaphansi kwezihlakaniphi.

48 UNkulunkulu usithumela emuva kuMoya oNgcwele phakathi kwabantu. makuthi ukugcotshwa kukaMoya kuhambe phakathi kwabantu, kunikeza imilayezo, namandla, nokubonakaliswa, uma sifanele sime ekhoneni lomgwaqo, noma singene endlini yezinkukhu, noma esibuyeni ndawondawo.

49 Asifuni nayiyiphi yalenkolo ebhasteliwe iphuma ekholiji, siyayifuna, iza njengokuvunguza komoya onamandla ovela Phezulu ogcwalisa yonke indlu, hhayi nje indoda eyodwa, yonke indlu lapho behlezi khona ndawonye. Impendukezelo, yilokho umuntu akwenza ezinsukwini zeNkosi yethu uJesu, yilokho azama ukukwenza namhlanje, athathe izinto engeyasekuqaleni, futhi aziphendukezele ngemibono engeyakhe uqobo, futhi uzibhubhisa yena uqobo.

50 Ngithanda ukubuza isazi ngenguqunguquko yempilo lokhu: Uma ungenakuphinda uzalanise ummbila obhasteliwe, bangake baze bafundise kanjani inguqunguquko yempilo na? UNkulunkulu wathi, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo," yonke imbewu yenhlobo yayo. Futhi uma uxubanisa leyombewu,

kuyakuqeda, ingeke iqhubekele phambili, ibuyela emuva ngqo kweyasekuqaleni futhi.

51 Ngijabula kakhulu ukuthi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu watshala iMbewu kaMoya oNgcwele ngoSuku lwePhentekoste, baYibhastelile emahlelweni, kodwa emva kwesikhashana Ibuyela kokwaYo kwasequleni futhi, ibuyele kuMoya oNgcwele wangempela, ibuyele eMlayezweni weVangeli, ibuyele eZenzweni 2 futhi, ibuyele endleleni yokwenza, ibuyele lapho Iqala khona. Kuyovuka indoda ngolunye lwalezizinsuku eyomelana nalezizinto, futhi ikuqhumise ngamandla ayo onke.

52 Qaphelani manje, kokwasekuqaleni, buyelani ekuqaleni, uJesu wabatshela, "Buyelani emuva ekuqaleni ukuba nithole. Kwakungenjalo ekuqaleni."

Awu, abantu bathi, "NgiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. Ngiyi*lokhu*. Ngiyi*lokho*."

53 Lokho kulungile, kodwa ake sibuyele emuva ekuqaleni, futhi sibone ukuthi kwaqala kuphi, sibone ukuthi kwakuyini ekuqaleni. Lokho ngukuthi, indlela uNkulunkulu amisa ngayo iBandla laKhe ngoSuku lwePhentekoste, yileyondlela, ifanele ihlale injalo kuze kube phakade. Uma uxubanisa noma yini enye phezulu ungene kuLo, amahlelo, nazo zonke lezi ezinye izinto, nokufafaza, nazo zonke lezizindlela nezinto, uyaLibhastela. Uthola ibandla elibukeka kangcono, kodwa alinakuPhila kulo, alikwazi ukuphinda lizizale futhi.

54 Imvuselelo efikayo ngezinsuku zikaLuther, ingeke yaphinda izizale, ngoba bayibhastela; izinsuku zikaWesley, bangeke baphinda bayiveze. Ngitshele enye yazo eyake yavuka ngenkathi ziwa. Lapho bebhastela ibandla, libuyela emuva ngqo futhi, seliphelile, alikwazi ukuphinda lizizale, lingangenisa amalunga, lenze inhlangano, kodwa lingeke laphinda lizizale futhi. Esikufunayo yi*nto ethize* ukuba iphinde izizale, ukuletha amadodana namadodakazi kuNkulunkulu. Ungeke wakwenza usekholiji, kuzofanele kuvele kuMoya oNgcwele ngaphezulu, njengokuvunguza komoya onamandla, njengoba kwenza ekuqaleni.

55 Izinkolo ezibhasteliwe ziphendukezela izinto, ziguqula izinto, abantu bephendukezela. Futhi ngenkathi uJesu efika ezinsukwini zaKhe, Wathi, "NiNgikhonza ngeze, nifundisa iMfundiso imiyalo yomuntu." Benzeni na? Bathathe imiyalo kaNkulunkulu futhi bayibhastela emibonweni yabo uqobo, futhi bayibuyisile, futhi yathi, "Awuyi, futhi uyokwenza *lokhu*," kanjalonjalo, kodwa bona ngamasiko abo benza imiyalo kaNkulunkulu ize, ngoba babeyibhastelile.

56 Abantu bayamangala namhlanje ukuthi lezizinto zenzeka kanjani. Umuntu angama kanjani, futhi abuke ngaphandle ngaphesheya kwezethameli, futhi adonse owesilisa noma

owesifazane, futhi embule izono, nezinto, zebandla na? Yini indaba na? Kungani i, onke amabandla engakwenzi na? Abhasteliwe. Kunjalo.

57 Linye kuphela iBandla, nalelo akusilo ihlelo, ungeke wahlela iBandla likaNkulunkulu. Linye iBandla noMzimba owodwa, lowoMzimba unguMzimba ofihlakele kaJesu Kristu lapha emhlabeni, "Futhi ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa kulowoMzimba munye," noma ngabe singamaMethodisti, amaBaptisti, noma iKatolika, noma yini.

58 Akunandaba ukuthi ihlelo lomuntu liyini, uma ethembele ebandleni lakhe ngensindiso, ulahlekile. Uma iKatolika lithembele ebandleni eliKatolika limsindisa, ulahlekile; uma iBaptisti yethembele ebandleni leBaptisti limsindisa, ulahlekile; uma iPentecostal yethembele ebandleni lePentecostal limsindisa, ulahlekile, kodwa uma labobantu ngabanye bethembele kuNkulunkulu nakuJesu Kristu, "Ngokukholwa nisindisiwe, futhi lokho akuveli ngemisebenzi, kodwa ngomusa."

59 UJesu wathola abafundisi ngezinsuku zaKhe, futhi, bephendukezela izinto, futhi Wabatshela ukuthi e—ekuqaleni . . . Sithola into efanayo namhlanje, bathi, "O, yebo, iBhayibheli liyasho ukuthi uJesu Kristu unguye izolo naphakade, *kodwa* asikholwa ukuthi Usazenza izimangaliso. Siyakholwa ukuthi uJesu wathi, 'Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza,' *kodwa* si—siyakholwa ukuthi lezozinto zakhawuka kanye nabaphostoli."

60 Niyabona ukuthi nenzani na? Niyayibhastela, niyayiphendukezela, nisho into ethize uNkulunkulu angayishongo. IBhayibheli lithi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Ngikholwa ukuthi *lokho* kuyiqiniso. Angikholwa ukuthi sifanele siphambane nalokho kancanyana, sithi nje kulapho, uma ungenakho ukukholwa ukuba uqhubeke nakho, ungamisi omunye umuntu onokukholwa ukuba ahambe.

61 Bengihlala njalo ngithi, "Ngifisa sengathi benginokukholwa ukuba ngihambe, njengo-Enoke, eKhaya noNkulunkulu, ngaphandle kokufa, kodwa uma ngingenalo lolohlobo lokukholwa, impela angifuni ukuma endleleni yomunye umuntu onakho lokho kukholwa ukuba ahambe. Ngizomyeka ahambe aqhubeke." Impela, futhi ngizokhuleka ukuthi uNkulunkulu uzongipha umusa namandla okuhamba ngiqhubeke. Impela.

62 UJesu wathola ibandla, ngenkathi Efika, ethemba ibandla ngensindiso. Leyo yinto efanayo A—Ayenzayo namhlanje, lapho Esefike ngesimo sikaMoya oNgcwele ngalolu izinsuku zokugcina, Uthola abantu bethemba ibandla ngensindiso. Batholani abantu ngezinsuku zikaJesu ngenkathi befika, bethemba ibandla ngensindiso na? Banesigejane sezivumokholo, imfundiso engaphikiswa eyenziwe ngumuntu, bephendukezela iZwi likaNkulunkulu libuyele esivumwenikholo.

63 Leyo yinto efanayo esinayo namhlanje. Lapho uMoya oNgcwele elapha, uMuntu kaMoya oNgcwele, ezingela, ehlola uMlobokazi kaKristu, sitholani na? Yena utholani na? Abantu bemukela izivumokholo ngensindiso, esikhundleni sokubuyela kokwasekuqaleni ngakho. Une—nencwadi yomkhuleko, noma olunye uhlobo lwencwadi yesifundo yohlobo oluthize ukuthi, "Thina *S'bani-bani* siyakukholwa lokhu *ukuthi-nokuthi*."

64 Kungani uthatha incwadi yesifundo ngakho na? IBhayibheli likaNkulunkulu liyiNcwadi yesifundo, buyelani ekuqaleni. Nemukela ukuxhawulana, esikhundleni sombhaphathizo; nimukela ukufafaza, esikhundleni sombhaphathizo wamanzi; nemukela imiyalo nezivumokholo, kanjalonjalo, esikhundleni sokuthatha indlela yokwenza ngendlela uNkulunkulu akuloba ngayo, yingalesosizathu sinelifile, ibandla elibhasteliwe namhlanje, ngoba alisakwazi ukuphinda lizale. ILuthela lingenza iLuthela, iBaptisti ingenza iBaptisti, iPresbyterian ingenza iPresbyterian, kodwa uNkulunkulu wenza ongcwele lapho Engena, uMoya oNgcwele wasekuqaleni, isibusiso sePhentekoste.

65 Babelindele ibandla ukuba libanike insindiso, khona-ke bathola ukuthi babengayazi ngisho yona impela iMpande yensindiso yabo ngenkathi Efika, ngoba babebhasteliwe. BaMbuka njengesigejane seminyuzi, "Hhe, ungubani wena na? Ozelwe ngaphandle komshado." Njengembongolo endala ekhalayo ndawondawo, niyazi, phandle lapho, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. UMose wenze *ukuthi-nokuthi*, kodwa ubani lomfo na? Akasuye owanoma iyiphi yezinhlangano zethu. Awu, ngukufunda ingqondo, yilokho kuphela. UnguBelzabule, udeveli."

66 Leyonto efanayo yenzekile futhi. Abamazi uKristu emandleni okuvuka kwaKhe; baMazi ngesivumokholo kodwa hhayi ngamandla okuvuka kwaKhe. UKristu uhlala kumuntu, futhi uma Ubengeza namhlanje, futhi sizwa abantu besho izinto abazenzayo, uJesu ubeyovele kalula athi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

"Ngani," ubeyothi, "Nkosi, ngafafazwa ebandleni elingcwele lika*S'bani-bani*."

Ubeyothi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

"Awu, ngixhawulane nomshumayeli, futhi ngenza ukuvuma."

"Kwakungenjalo ekuqaleni."

67 Balinda ekuqaleni kwaze kwafika amandla avela Phezulu, uMoya oVunguza ngaMandla owaguqula yonke indlela yokuphila kwabo, futhi wabokhela ngeNto ethize eyavangela izwe.

68 Singakwenza kanjani ngokufunda, ukubhala, nezibalo na? UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli." Hhayi, "Ukufundisa ukufunda, ukubhala nezibalo." "Nishumayele iVangeli." Yini iVangeli na? IVangeli lingamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele. Landela amaZwi alandelayo, "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

69 Uzoyifundisa kanjani indoda ukukhuluma ngezilimi na? Uzoyifundisa kanjani indoda ukukhipha odeveli ngamandla na? Uzoyifundisa kanjani indoda ukwenza lezizibonakaliso uJesu athi iyozenza na? Uzoyifundisa kanjani indoda ukuba ikwazi ukuma emsamo, futhi, noma ndawondawo, futhi isho izinto zingakenzeki ezizayo, nezinto ebezikhona, nezizobakhona na? Uzomfundisa kanjani na? Ungeke, isipho sikaNkulunkulu. Lapho sisuka kulokho, singena esimweni esibhasteliwe. Sesibuyile, sibuyela nje ekuqaleni, yonke imbewu.

70 Ngiyazibuza, ngingathanda ukuba isayense iphendule lona: Uma kukhona into enjengenguqunguquko yempilo, futhi basho ukuthi ibingeza ngenye indlela, kungani kungeke kube nento ephakeme kunomuntu na? Asinalo uhlobo oluphakeme kunomuntu. Ngoba usemfanekisweni kaNkulunkulu, akukho okungaya ngale koMdali wakho. Ngingathanda ukuba bawuphendule lowo. Abakwazi ukukwenza. Ngani na? Wuhlobo oluphakeme kunazo zonke.

71 Kungani singakwazi ukuveza okuthile ngesayense yethu ephathelene nenkambo elungileyo, nemfundo, namakholiji ethu amakhulu azokwedlula lokho ababenakho ePhentekoste. Ungeke wakwenza, ngoba leyo yindlela kaNkulunkulu yokukwenza. Akukho lutho oluyoke luvele oluyo—oluyoxhuxhumisa inhliziyo yabantu, oluyoveza lezizibonakaliso. Awusoze wafundisa abantu kukho, awusoze wakwazi ukubafundisa kukho, bafanele bazalwe kukho. Ngakho amahlelo ethu libhasteliwe.

72 Sidinga uMoya oNgcwele, uMzimba kaKristu ofihlakele ubunjwa emhlabeni. Yileyondlela okwakuyiyo ekuqaleni, Liyazizalanisa libuye futhi libuyele ngqo ekuqaleni. Kuyo yonke leminyaka yamahlelo, ekugcineni, uNkulunkulu uzalanise wabuyisela iBandla laKhe kuMoya oNgcwele futhi. Ngijabula kakhulu ukuba kuLo. Makuthi izimbewu ezindala nokwenyama kuphele, ngibe yisidalwa esisha kuKristu Jesu. Sihlezi ndawonye namhlanje ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.

73 UMoya oNgcwele uzalanisa ukhipha, o, ngijabula kakhulu ngalokho, uzalanisa ususa ukungabaza, uzalanisa ususa izimfundiso ezigqamileyo, uzalanisa kuYe uqobo amadodana kaNkulunkulu. Hhayi ukuzalanisa kubuye iminyuzi, ukukuxubanisa, kodwa ukuzalanisa amadodana namadodakazi

kaNkulunkulu angabuki iZwi, bese bemisa izindlebe zabo bese bethi, "Awu, umama wami wayeyiPresbyterian."

74 Lokho kulungile, kodwa sidinga kuqala ukuzenzela amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, sizalanise sisuse ukungakholwa, nezivumokholo, nezinto nokusibuyisela emadodaneni asekuqaleni kaNkulunkulu ngoMoya oNgcwele. Kunjalo impela. Yilokho iBandla lisesigabeni sokukwenza namhlanje.

75 Khona-ke abantu namhlanje sebedlulile, babhastela ibandla liye enhlanganweni, ezivumwenikholo, futhi baxubanise imiqondo yabantu, bese-ke bethi, "Uphi uNkulunkulu na? Uphi uNkulunkulu weTestamente eLidala na? Iphi iNkosi uJesu eyethembisa lezizinto na?"

76 Yilokho uBilly Graham anqwamana nakho esikhathini esingeside esedlule, niyabo, ngokaMohamede, "Uphi loNkulunkulu enikhuluma ngaye na? Wathi waphulukisa abagulayo. Ngizothatha amashumi amathathu, bese wena uthathe amashumi amathathu, bese sibona ukuthi singenzani ngakho."

77 O, esikudingayo namhlanje yindoda eyiqhawe, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ukubiza isandla sayo kukho. Kunjalo. UNkulunkulu usenguye uNkulunkulu owayeno-Eliya eNtabeni iKameli, UsenguNkulunkulu ofanayo namhlanje. Sidinga inkolo kaMoya oNgcwele ezalelwe ngaphakathi, amandla kaMoya oNgcwele.

78 Uphi uNkulunkulu na? UNkulunkulu useBandleni laKhe, UNkulunkulu useZwini laKhe, uNkulunkulu ukubantu baKhe, uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu, Ukuyo yonke indawo. Kodwa singeke saMbhastelisa entweni ethize, ngoba Angeke axutshaniswe nalutho, UnguNkulunkulu noNkulunkulu yedwa. Ungeke waMzalanisa ezintweni ezinhlanu noma eziyisithupha ezehlukene, no—noNkulunkulu abane noma abahlanu abehlukene, UnguNkulunkulu futhi uNkulunkulu yedwa, Angeke abhastele, UnguNkulunkulu.

79 Awukwazi ukunxusela abangcwele, futhi uthi, "*Lo* ongcwele wenza *lokhu*, na*lowo* ongcwele wenza *lokho*."

80 Ayikho into enjalo. "Munye uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, nalowo nguKristu Jesu," uMlamuleli kuphela.

81 Yini indaba ngebandla-ke na? Ukuba Wayelapha emhlabeni, okungukuthi Ukhona, futhi sithola ibandla namhlanje lisesimweni esifanayo Akwenza, lifundisa iMfundiso imiyalo yomuntu, Wathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Manje siyathola ukuthi kwakuyini ekuqaleni.

82 Kungikhumbuza ngoluny'usuku ngenkathi i, uJosefa noMariya babenyukele emkhosini, futhi base beqale

indlela yabo bebuyela emuva, futhi babehambe uhambo lwezinsuku ezintathu, futhi bageja iNkosi uJesu, babengazi ukuthi Wayekuphi. Manje, izinsuku ezintathu ngaphandle kokwazi ukuthi Wayekuphi. Futhi kutholakala ukuthi baqala ukuMcinga. Ibandla selihambe cishe impela iminyaka eyizinkulungwane ezimbili futhi alazi ukuthi Ukuphi. Bekhuluma ngezinsuku zabo ezintathu!

"O," bavele bathi nje, "mhlawumbe, Uphakathi kwezihlobo zethu zegazi phandle lapho, ndawondawo."

83 Yilokho ibandla ebelikucabanga, "O, Ukhona, ndawondawo, uma Engenathi maBaptisti, Uzoba namaMethodisti, futhi Yena, o, Ukhona, ndawondawo. Ukanye nezinye zezihlobo zethu zomndeni. Niyazi, emuva le ngaleya okhokho bethu—bethu beMethodisti babenakho, nokhokho bethu abayiLuthela . . ."

84 Ungakuthathi nje kalula kanjalo, asiMthole. Uphi uNkulunkulu weBhayibheli na? Uphi uNkulunkulu owenza lezizithembiso na? UnguBani na? Ubani iGama laKhe na? Kungani singenakuzenza izinto ezifanayo abazenza emuva lapho uma bakwethembisa na? Kungani kufana na?

85 Esikhathini esingeside esedlule ngangizingela izingwejeje. Ngaqeqesha isibhamu sami esikhulu emayadini angamashumi amahlanu. Uma ngingakwazi ukudubula iso lengwejeje, ngiyishiya kanjalo. Uma ngingamayadi angamashumi amathathu kuyo, ngihlehla ngiye emashumini amahlanu, ngiqiniseka ukuthi ngiyayithola. Nesibhamu sami esikhulu saphuma, ngase ngisithumela emuva eNkampanini iWinchester, esincane, isibhamu esikhulu esishibhile, bangithumelela izwi emuva, bathi, "Mfundisi Branham, lesisibhamu esikhulu sizo—sizohlanganisa isixuku esiyi-intshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu. KwiModel 75 Winchester, yilokho kuphela oyoke ukuthole kuyo."

86 Ngazi kangcono kunalokho, ngangibe sezansi ebangeni elisemthethweni emayadini angamashumi amahlanu, ngashayela izipikilana zikakhaphethi eziyisishiyagalombili ngaso, ziqondile, futhi ngangazi ukuthi babenephutha. Niyabo? Futhi ngangilapho-ke, ngangenze yonke into, ngaxegisa izikulufu, futhi ngaziqinisa ngenxa yokungqangqazela okuyizinkulungwane ezinhlanu *lapha* kuzosiphosa siphume i-intshi ngaphandle ngaleya emayadini angamashumi amahlanu. Futhi ngangisifake ingilazi yokusilungisa, futhi ngantantisa umbhobho, futhi ngenza konke engangikwazi ukukwenza.

87 Futhi nga—ngazi isibhamu esikhulu esifanayo, uGene Goad ehlezi lapha, umngane wami, uyazi ngelinye ilanga ngabeka isishiyagalombili, izipikilana eziyisishiyagalolunye, izinhlamvu eziyisishiyagalolunye emgodini ofanayo, lelobanga. Kodwa inkampani eyasenza yasho into—into sizodubula kuphela isixuku, leso yisixuku, niyazi, sokudubula, cishe i-

intshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu, futhi lesi sasishayela izipikilana emayadini angamashumi amahlanu.

88 Ngangihlezi phezulu ngaphansi kwesihlahla, futhi kwakukhona uMfowethu Woods nabo bonke phezulu lapho bejabulela izingwejeje, bayishaya noma yikuphi lapho ababefuna khona, emuva, ngaphambili, noma yikuphi, akwenzanga mehluko, ngakho bashaya ingwejeje, benesikhathi esikhulu. Futhi ngangihlezi phansi kwesihlahla, ngaqala ukukhala, ngase ngithi, "Nkosi, kungani Ungenzele okuncane, ingozi eyethusayo. Wangenzelani kanje na? Kungani ngingaphumeleli lapho futhi ngijabulele ukuzingela njengoba benza, futhi ngidingeke ukuba nalesisibhamu sisesimweni esihle kakhulu na?"

89 Ngalinda lapho cishe isigamu sehora, ngase ngicambalala ngobuso bami, ngase ngiqala ukukhala, uMoya oNgcwele ufika kimi, wawusuthi, "Ngakwenza ngaleyondlela ngenhloso, lokho kungokwenhloso. Lapho omunye esho into *eyodwa*, bese eshaya ngokuxega kanjalo, ungeke wakumela ngaphandle kokuthi kuqonde ngqo, kuzofanele kube sechashazini, kungenjalo akulungile."

Ngathi, "Ngiyabona, Nkosi." Niyabo?

90 Ihlelo lebandla nje alingenelisi. Uma imiBhalo usho into *eyodwa*, nebandla lifundisa *enye*, lokho akusebenzi. Uma uJesu Kristu wayephila kubaphostoli, futhi wenza izibonakaliso ukuthi Wayelapha emhlabeni, kuzokwenza futhi uma sizoqondaniswa ngqo phakathi. Sifanele sithole ukuqondiswa ngqo! Angikhathali ukuthi ibandla lithini, liyohlanganisa *lokhu* noma *lokho*, futhi, "O, UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, nalo lonke lolu olunye uhlobo lwezinto, nazo zonke lezi zivumokholo, nezinto; ngendlela *eyodwa* noma *enye* kulungile."

91 Akulungile kimi. Uma abaphostoli bashaya ichashazi, singashaya ichashazi, nathi, uma sizoqondaniswa ngqo neZwi likaNkulunkulu. Makuthi isehlakalo sethu siqondaniswe ngqo neZwi laKhe, bakwenza. Uma bakwenza, kungani singenakukwenza na? Uma sizoqondanisa ngqo, kuzokwenza into efanayo.

92 O, ibandla lithi, "Inqobo nje uma kushaya, inqobo nje uma ujoyina ibandla, uxhawulane nomelusi, bese ufaka igama lakho encwadini, bese usho lesisivumokholo, lesisivumokholo sabaphostoli, ngakho kwenza mehluko muni na?"

Kwenza inqwaba yomehluko, uMoya oNgcwele ukuqondanisa ngqo eZwini likaNkulunkulu.

93 UJesu, babeMlindele ukuba abe nezihlobo zomndeni zaKhe; yileyondlela ebesiyilindele, "O, Wayeno—WayenoMartin Luther, WayenoJohn Wesley, uJohn Smith, uCalvin, u-Alexander Campbell, noma abanye babo, Wayenabo."

Lokho ngeke kusebenze. Ngabe Unathi na?

94 Ngakho, baqala ukuqalaza ngelinye ilanga. Niyazi ukuthi baMtholaphi na? Hhayi enezihlobo zabo zomndeni, hhayi enenhlangano yabo, hhayi enehlelo labo, nalabo ababeMlindele ukuba abe nguye.

95 Yilokho ebesikwenza, kade sizama ukuba nemvuselelo. UBilly Graham unqamule izwe, uJack Shuler, o, abanye abaningi bazama ukuba nemvuselelo. Benzani na? Phezu kwezihlakaniphi, behlanganisa onke amaBaptisti ndawonye, onke amaMethodisti ndawonye, amaPresbyterian ndawonye, bewahlanganisa ndawonye, beletha izinhlangano, benza abaholi, ebanika izinkulumo futhi ebagqugquzela, nokunye nokunye kanjalo, ukuxhawula, konke kulungile. Lokho ku—lokho kuhle.

Njengendoda eyikhaladi, idla ikhabe, idla ucezu lwalo. Uthi, “Bekunjani lokho, mfana na?”

Ithi, “Lokho bekukuhle, kodwa oku*nye* kwakho.”

96 Kungaleyondlela namhlanje, ukuhlangana ndawonye nokuxhawulana kulungile, kodwa kusekhona okunye kwakho. Amen. Kukhona okuningi kwakho kunalokho. Akunandaba ukuthi zingakanani izihlakaniphi esizihlanganisa ndawonye, ukuthi senza kanjani, ukuPhila akukho lapho, sifanele sibuyele emuva lapho esashiya khona uKristu.

97 UMarta, noma, uMariya no—noJosefa babuyela lapho abaMshiya khona. BaMshiya kuphi na? EMkhosini wePhentekoste, hhayi ebandleni lamaLuthela, hhayi ebandleni leMethodisti, hhayi esisekelweni e—eNgilandi, hhayi uCalvin, uKnox, uFinney, lawomadoda ayekahle, asizange siMshiye ekuqaleni kwezinhlangano zethu, saMshiya eMkhosini wePhentekoste. Yilapho ibandla elizofanele lifike khona futhi, yilapho ozoMthola khona, hhayi ebandleni lakho, hhayi enhlanganweni yakho, hhayi ngenkolo kamama wakho, inkolo kababayi wakho, uzoMthola eMkhosini wePhentekoste.

98 *Brrrr*! Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya. Mhlawumbe ngiziphatha ngaleyondlela, kodwa ngizizwa ngehlukile. Buka, mfowethu, emuva ePhentekoste. Sesihambe kade kude kakhulu manje, sithathe iPhentekoste futhi salihlela, futhi salihlela, futhi salihlela, futhi salihlela, senza *leli*hlelo, sahlukanisa izinwele ku*lokhu*, *lokho*, no*kunye*. Ukujoyina izandla kulungile, lokho akwenele, asibuyele kokwasekuqaleni, sibuyele ekuqaleni, sibuyele emuva lapho esikushiye khona. Amen. Ngizweni! Ngikhuluma eGameni leNkosi: Emuva ekuqaleni.

“Wena uthi ngiyiMethodisti.”

“Kwakungenjalo ekuqaleni.”

“Ngafafazwa.”

“Kwakungenjalo ekuqaleni.”

"NgiyiBaptisti."

"Kwakungenjalo ekuqaleni."

"NgiyiPresbyterian."

"Kwakungenjalo ekuqaleni."

99 Ekuqaleni, kwakuyiPhentekoste, hhayi inhlangano, kodwa isehlakalo sePhentekoste esehlise iMbewu kaNkulunkulu ngoMoya oNgcwele, senza abesilisa nabesifazane bakhuluma ngezilimi futhi badiyazela njengamadoda adakiwe, uMoya usebenza eBandleni, ukhombisa izibonakaliso nezimanga.

"Kwakungenjalo ekuqaleni."

Wena uthi, "Awu, ngingowelikhulu, ibandla elingcwele."

"Lokho kwakungenjalo ekuqaleni."

"NgingowamaRoma angcwele. Ngi . . . "

"Kwakungenjalo ekuqaleni." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

100 Uma like laveza elinye igatsha, liyoba yigatsha lePhentekoste. Liyoba nezithelo ezifanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo igatsha lokuqala elazivezayo.

Wena uthi, "NgiyiLuthela."

101 "Kwakungenjalo ekuqaleni." Ufakelwe futhi uphila eGameni leNkosi uJesu lapho ungatheli lesosithelo. Izibonakaliso zamakholwa azikulandeli.

102 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Futhi baphuma beshumayela ndawo zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa iZwi ngezibonakaliso ezilandelayo." Sithole noma yini ehlukile kulokho, "Kwakungenjalo ekuqaleni." Indlela abathola ngayo uMoya oNgcwele ekuqaleni, yileyondlela esiWuthola ngayo namhlanje.

Wena uthi, "Awu, angi—angazi, ngine, ngiyakholwa, mhlawumbe, ngenkathi ngikholwa ukuthi ngemukela uMoya oNgcwele."

"Kwakungenjalo ekuqaleni." Bakholwa, base-*ke* bemukela uMoya oNgcwele.

103 UPawulu wathi eZenzweni 19 kulawo maBaptisti enhla lapho ayenalowommeli ophendukile womshumayeli, u-Apolo, wathi, "Namamukela yini uMoya oNgcwele *lokhu* nakholwayo na?"

Lapho uthi ukutholile lapho ukholwa, khona-ke, "Kwakungenjalo ekuqaleni."

Wena uthi, "Ngifafaziwe, futhi ngithi . . . "

"Kwakungenjalo ekuqaleni."

"Ngijoyinile . . . "

"Kwakungenjalo ekuqaleni."

104 Abazange bajoyine ibandla nhlobo ekuqaleni, *bazalelwa* eBandleni ekuqaleni. Futhi uma lokho...Kunjalo, uzalelwa kuLo. Futhi uma loMvini uke uveze elinye igatsha, liyoba yi, njengegatsha...Uma uMvini uke waveza elinye igatsha, liyoba uhlobo olufanayo lwegatsha iZenzo ezalotshwa kulo. Liyoba neMfundiso efanayo, liyoba namandla afanayo, lizokhombisa izibonakaliso ezifanayo, ngoba lolo wuhlobo lweBandla ababenalo ekuqaleni.

105 Asiyeke ukuzibhastela, asibuyele eZwini, njengoba kwakunjalo ekuqaleni. Niyakuthanda lokho na? Ngiphila ngalokho.

Asikhulume naYe manje olobe lokho, sisakhothamisa amakhanda ethu.

106 Ngabe ukhona phakathi lapha kulokhu ukusa ozwa sengathi ubuxutshanisiwe ndawondawo, futhi ungathanda ukuba uMoya oNgcwele ungene kulokhu ukusa, ngokuzalwa na?

107 Futhi ukubhastela kwakuyinto embi kabi eTestamenteni eLidala, Wathi, "Umntwana wesihlahla akayikungena ebandleni leNkosi izizukulwane eziyishumi." Akukho lutho lokumzalanisa aphume, kuphela lesosono. Cabangani, izizukulwane eziyishumi, iminyaka engamakhulu amane ngaphambi kokuba umntwana wesihlahla aze angene eMbusweni kaNkulunkulu. Kwakungekho-mjovo othakwe nohluzi lwezilwane ukumnakekela, Wayefanele nje akuzalanise ngemindeni. Iminyaka engamakhulu amane ngaphambi kokuba umntwana wesihlahla ubengangena ebandleni leNkosi.

108 Kodwa namhlanje, selokhu iGazi likaJesu Kristu selichithiwe, futhi uzalaniswe yizo zonke izinhlobo ezehlukene zemibono, uMoya oNgcwele ulapha kulokhu ukusa ukuzokuzalanisa ubuyele kokwasekuqaleni, ukubuyisela ePhentekoste, akuzale ubuye. Futhi sihlezi ndawonye kulokhu ukusa ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sivumela uMoya oNgcwele...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...?...Yini *ukusoka* na? Ukunqamula konke okubhasteliwe, okwevile, izinto zezwe, izinto zonyaka webandla, usibuyisela ePhentekoste, njengoba kwakunjalo ekuqaleni.

109 Ningathanda ukwemukela lesisehlakalo, futhi niyofisa umkhuleko ukuthi nizoKwemukela, futhi nibuyele ekuqaleni futhi nibe nakho impela ukuPhila kukaKristu kuphila kini, kuveza izibonakaliso Azenza ngenkathi Eselapha emhlabeni na? Ningaziphakamisa izandla zenu ngomkhuleko, ngaphambi nje kokuba sikhuleke na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, izandla nje ndawo zonke.

110 Nkosi enomusa, siyaKubonga kulokhu ukusa ngeZwi laKho. Libukhali, Liqinisile, kodwa Liyi—yiNkemba. Nenkemba eqondisiwe iloliwe. Futhi Linamandla, LinguMahluleli wemicabango ye, izizindlo zenhliziyo. SiyaKubonga

kulokhu ukusa ngeZwi laKho, nakuba Lisika, Liyasoka. Yingalesosizathu ukuthi LiyiNkemba, Lingelokusisoka kuzo zonke izinto zezwe, nokusingenisa enhlanganyelweni naWe njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ehlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.

111 UNkulunkulu wakumisa ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuze sibe ngcwele futhi singabi nakusolwa phambi kwaKhe, siphila ebungcweleni emazingeni obumsulwa, sizisho ukuthi singabahambi kulomhlaba. Siyizihambi, asisibo abalapha, ifa lethu lingelaPhezulu. Sifuna lowoMuzi ozayo, oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Sizwa kuwo nsuku zonke nangamahora namahora, ngenkathi izibusiso zikaMoya oNgcwele zithululeka phezu kwethu ngenkathi sisahlezi ndawonye sifundisa futhi sidumisa Wena.

112 Sikhulekela manje lezizandla esiphakanyisiwe. Nkulunkulu, leli yihora lobuqotho, yihora lapho abantu, bebuka phezu komhlaba, futhi besabe ngaphezu kwabo ngezinto ezayo. Abafuni nje into ethize engumaceba ngelanga, bafuna into ethize eqinile, bafuna into ethize engeyangempela. Futhi Baba, lapho bebona ukuphila kwabo, ukuthi bebefakelwe, abatheli izithelo, izibonakaliso zoMvini wokuqala azikho kubo, baphakamise izandla zabo, "Nkosi, susa *lokhu*, futhi mangifike ngeGatsha leqiniso."

113 Nkulunkulu, ngiyakhuleka kulokhu ukusa ukuthi uMoya oNgcwele uzobazalanisa babuye, abazalanise babuye kukho konke ukungabaza kwabo ukuthi uJesu uyaphulukisa, ukungabaza ukuthi uMoya oNgcwele ungubuhlanya nje obusetshenziwe, futhi bona, njengoba abantu bethi Unjalo, futhi badedele konke ukungabaza kusuke, futhi bazi ukuthi YiNkosi uJesu ebusisiwe ebukhoneni bethu, Uyazifakazisa Yena uqobo.

114 Futhi vula amehlo abantu, ungabavumeli baphile njengoba benza ezinsukwini za—zabaphostoli, ngezinsuku zabaprofethi. Akukho-mprofethi owayaziwa impela yinoma ubani, kwaze kwaba semva kokufa kwakhe. UJesu wayengaziwa, abaningi babangcwele ngaphesheya kwalokho wayengakaze aziwe, uMlayezo uyadlula, futhi bayawugeja. LeliBandla lizohlwithwa ngolunye lwalezizinsuku futhi lisuswe, futhi khona-ke bayomemeza kakhulu, "Nginike amaFutha," kodwa akusekho ukuthenga ngalesosikhathi. Kwangathi bangekugeje kulokhu ukusa, Nkosi, kodwa ngentobeko, kwangathi bangafuna Wena ngenhliziyo yabo yonke.

115 Manje Baba, angikwazi ukuletha Wena kubo, noma bona kuWe, Ngingakhuluma kuphela lokho Owakusho necebo Owalisho, "Oyozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke umuntu ophakathi lapha

ngaphandle kukaMoya oNgcwele angabuyela ekuqaleni kulokhu ukusa. Hhayi, abadingeki ukuba bashiye ibandla labo, babuyele ekuqaleni nje, futhi bafakelwe, noma, hhayi ukufakelwa, kodwa bazalwe kukho. Umvini ofakelwe ungehlelo, awusoze wama. Ngikhulekela ukuthi bazozalwa eMoyeni, eMvinini, njengoba kwakunjalo ekuqaleni.

116 Ngibabeka kuWe, Baba. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa kulolusuku. Sisize, ungcwelise imicabango nezinhliziyo zethu. Futhi kulobubusuku, lapho umhlangano womkhuleko uqhubekela abagulayo, kwangathi kungaba namandla angakhulumeki phakathi kwethu, kwangathi kungabakhona izinhliziyo ezihlanziwe nguMoya oNgcwele, konke ukungabaza nezingxaki sekuhambile. UJesu Kristu uyaphila, futhi Unathi manje. Siphe khona, Nkosi.

117 Busisa lelibandla, busisa uMfowethu Jack, uDadewethu Moore, no—no-Anna Jeanne, noDon, nabo bonke ohlangene lapha, uMfowethu Lyle, uMfowethu Brown, nabaningi kakhulu babo, Baba, bengingekwazi ukubasho ngamagama, wonke umfundisi, uMfowethu Kidson, bonke abanye abefundisi lapha, uMfowethu Bootlayer, nabaningi e—esingabazi ngisho nathi.

118 Nkosi, yokhela imiphefumulo yethu. Nkulunkulu, asibuyele emuva, ngokushesha. Sikhuluma ngakho, kodwa ukukhuluma ngeke kusebenze, asibuyele emuva. "Lowo okwaziyo ukwenza okuhle, futhi engakwenzi, kuye kuyisono." Ngukungakholwa, isono ngukungakholwa. Asikukholwa uma sikusho futhi singabuyeli emuva. Asibuyele emuva ekuqaleni. Cosha uMlayezo, Nkosi, bese uWuphosela kubantu. Babone uMoya oNgcwele usebenza futhi, njengoba Wenza ngoSuku lwePhentekoste. Yizwa umkhuleko wami ngabo, Baba, eGameni likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

119 UNkulunkulu anibusise. Futhi, umelusi wenu.

